

ISIBONAKALISO SIKAMESIYA



Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Nkulunkulu othandekayo, lapho sizwa leloculo, “uJesu useduze, futhi konke kuyenzeka,” kuxhuxhumisa izinhliziyi zethu ukwazi ukuthi lokho kungaphezu kweculo. YiQiniso. Ulapha. Nkosi, ngikholwa ukuthi Ubungemva kwetabernakele khona manje nje, futhi; lowo mama omncane ebambe lolosana, emanzi te, emvuleni; naleyonsizwa ibiza othandiweyo wayo, ngaphesheya le esibhedlela, efa. Yizwa imikhuleko yethu, Nkosi. Kunabantu abahleli kulelibandla usuku lonke gulukunqu, kusukela ngehora lesithupha nqo kulokhu ukusa. Balindele ukubona Wena, Nkosi. Besizwile sikhuluma namhlanje ukuthi Uvukile kwabafuleyo. Futhi UnguJesu ofanayo osaphila kulobubusuku, emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye. UsenguJesu. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzophulukisa wonke umuntu ukugelayo oseBukhoneni bobuNkulunkulu. Kwangathi kungebekhona muntu obuthakathaka phakathi kwethu lapho lenkonzo isiphelile. Sikhombise nje, Nkosi, ukuthi Ulapha.

² Sicabanga ngamadoda amabili ngalokho kusa kwePhasika, ayedangele, akungabazeki. Kodwa abaningi lapha badangele kulobu busuku, abagulayo futhi abasindi, odokotela babadelile. Futhi besaqhubeka endleleni yabo, kwakuneSihambi Esaqhamuka futhi sakhuluma nabo, sakhuluma ngemiBhalo, usuku lonke. Futhi ebusuku, lapho Sibafaka egumbini futhi savala umnyango, Senza okuthile. Senza ngendlela nje Esenza ngayo ngaphambi kokubethelwa, futhi bazi ukuthi leso kwakuyiNkosi evukileyo. Sanyamalala ebusweni babo. Bagijima kakhulu, babuyela emuva ukuba batshela abanye, “Uvukile kwabafuleyo.”

³ Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi Uzofika phakathi kwethu kulobu busuku futhi enze izinto Azenza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe. Iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye ayilutho kuYe; UngoPhakade. Futhi kwangathi abaningi lapha kulobu busuku bengagijima beye ekhaya ngokushesha, betshela umkabo, umyeni wabo, abathandekayo babo, umakhelwane wabo, “Uyaphila! Ubonakale kimi kulobu busuku! Waphulukisa ukugula kwami! Ngizosinda manje.” Siphe lokhu, Baba. Sikucela eGameni likaJesu. Amen. (Ningahlala phansi.)

⁴ Ngiyaxolisa ukuthi ngishe izwi, kodwa bengimatasa kakhulu nje ngikhuluma, ngibhaphathiza; ngaba nomkhuhlane, ekuqaleni, selokhu ngibuya ngivela ezansi eFlorida nangaphesheya eziqhingini. Ngifanele ngihambe manje kulokhu ukusa, ngiye eCalifornia, cishe inyanga egcwele yemihlangano.

Ngakho ngicele uMfowethu Neville uma ubengangikhulumela kulobu busuku, futhi ngiqinisekile ukuthi nizwe umyalezo omnandi. Siyijabulele lenkonzo yasekuseni evela kuMfowethu Neville. Futhi siyethemba ukuthi uNkulunkulu uzoqhubeka nokuba naye nalelibandla, njengoba elusa lapha.

⁵ Manje ngisanda kuhlanguana noBilly phandle lapho, futhi uthe ukungithinta ohlangothini, wayesethi, “Babayi, abantu bamile lapha, futhi abanye babo bebelapha usuku lonke gulukunqu.”

⁶ Ngathi, “Awu, ngiyajabula ukuthi izinkonzo zethu sezisondelela ekupheleni, ngakho ngeke nidingeke ukuba nime.” Futhi liyana. Futhi ngenkathi ngingena esakhiweni, izithandani ezincane beziphuma emotweni phandle lapho, nosana olugulayo. Bebemanzi te. Akakwazanga ngisho nokungena emnyango. Kodwa ngokuqinisekile njengoba ngime lapha, uNkulunkulu uyiphulukisile leyongane khona lapho nje. Kunjalo. Uwuphendula kanjani umkhuleko!

⁷ Futhi manje emva kokuba sesishumayelile namhlanje, futhi kulokhu ukusa ngishumayele ezifundweni ezinhlanu: *Ukuphila, Ukufa, Ukumbelwa, Ukuvuka, Ukufika.*

Ephila, Wangithanda. Efa, Wangisindisa.
Embelwa, Wathwala izono zami kude le.
Evuka, Walungisa ngokukhululekile phakade.
Ngolunye usuku Uyeza, o, usuku
olukhazimulayo!

Sihlezi, sibuka kulobu busuku, silinde ukubonakala kwaKhe.

⁸ Kungani siminyene lapha na? Kungani abantu beza ukuzozwa iVangeli na? Nokho, ebululeni baLo, Yikhadi lokudonsa elikhulu kunawo onke izwe elake laba nalo. UJesu wathi, “Uma Ngiphakanyiswa, Ngizodonsela bonke abantu kiMi.” Manje into ingukuthi, ngabe lenkolo esikhuluma ngayo, ngabe ingeyangempela na? Ngabe iyiQiniso na? Uma iyiQiniso, khona-ke singakholwa yilo lonke iZwi iBhayibheli elilishoyo. Uma ingesilona iQiniso, sifanele singazihlanganisi nalutho ngayo, sifanele nje siqhubeke nje ezonweni zethu; sidle, siphuze, ngoba kusasa siyafa. Kodwa ngibonga kakhulu ukwazi ukuthi Lena esikhuluma ngakho iyiQiniso! Futhi yiyona nkolo kuphela emhlabeni . . . Nokho, ingeyesine ngokwenombolo, nokho yiyona nkolo kuphela emhlabeni ukuthi uMsunguli wayengafa aphinde avuke futhi, futhi uyaphila kulobu busuku.

⁹ Ngibonile ephepheni, lapha ephepheni ledolobha ngolunye usuku, lapho babenendoda, uBuddha, wayevusiwe. Abanengi benu bakubona lokho ephepheni. Banendoda enguBuddha omncane owazalwa ngokufanayo njengoBuddha nje; kusobala, akenzanga zimangaliso, kodwa imfundiso yakhe nayo yonke into kwakufana noBuddha nje. Ukuba uBuddha ubenendoda

ensimini, engamanga; uNkulunkulu unoMoya oNgcwele ensimini, uMoya wangempela kaNkulunkulu.

¹⁰ Manje, sikhuluma ngalezizinto ezimangalisayo, kodwa ngabe kuzosebenza na? Ngabe oNgcwele...Ngabe uMoya oNgcwele uzomuthethelela umuntu izono zakhe na? Ngabe Uzophulukisa ukugula kwakhe na? Ngokuqinisekile, Uzokwenza. UnguNkulunkulu, kuze kube phakade. Manje, uma singakwazi...Uma uJesu ezofika phakathi kwethu futhi uzozifakazisa Yena uqobo, ukuthi Uyaphila, lapha kulobubusuku phakathi kwethu, bekufanele kwenze thina sonke sikholwe yiso sonke isithembiso Anaso eBhayibhelini.

¹¹ Ngabe ukhona yini umuntu mumbelapha ongakaze abe kwenye yemihlangano yami ngaphambilini na? Ake sibone isandla sakho, ongakaze abe semhlanganweni ngaphambilini. Bukani nje, cishe ingxenye yesixuku!

¹² Angisiyena umphulukisi. Angikholwa—angikholwa kunomuntu ongumphulukisi. UJesu Kristu unguMphulukisi.

¹³ Futhi Washo, ngenkathi Elapha emhlabeni, ukuthi uNkulunkulu wayenguMphulukisi. Manje, ngenkathi Elapha emhlabeni, Akazishongo ukuthi unguMphulukisi, kodwa Wakhombisa kubantu isibonakaliso saKhe sobuMesiya, naleso sibonakaliso sobuMesiya kwakungukwazi imfihlo yenhliziyoyabo. Bangaki abaziyo ukuthi lelo yiqiniso na?

¹⁴ Ngenkathi Etshela uPetru, lapho efika phambi kwaKhe, ukuthi igama lakhe lalingubani, ukuthi igama likayise lalingubani; uPetru wakholwa ngangokuthi, ngokukholwa okungako, ukuthi uJesu umnika izihluthulelo zoMbuso, kamuva, futhi wambeka phezu kweBandla.

¹⁵ Ngenkathi uFiliphu efumene uNathaniyeli phansi komuthi, futhi wamtshela ukuthi, “Woza ubone Engimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.”

¹⁶ Futhi lowo sonkolo wokuqina wathi, “Kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na?”

¹⁷ Wamnika impendulo edlula zonke ukuthi noma yimuphi umuntu ubengamnika yona. Wathi, “Woza ubone. Ungakugxeki nje. Woza, uzibonele wena.”

¹⁸ Futhi kwathi lapho uFiliphu enyuka noNathanayeli, uJesu wathi kuye, “Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!”

Wathi, “Ungaze nini, Rabbi na?”

Wathi, “Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngakubona ngaphansi komuthi.”

Wathi, “Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi kaIsrayeli.”

¹⁹ Watshela owesifazane osemthonjeni okwakusenhliziyweni yakhe. Lezi zinto zafakazisa ukuthi WayenguMesiya. Futhi

uma lowoMesiya evukile kwabafileyo namuhla, futhi wenze ukuhlawulela, futhi waphulukisa ukugula kwethu nokuthethelela izono zethu, khona-ke into kuphela Angayenza kwakungukukhombisa isibonakaliso esifanayo futhi, ukuthi Usaphila ukuba enze noma yisiphi isithembiso Asenzayo, kuhle. Ngabe kuqinisele na? [Ibandla lithi, “Amen. Kunjalo.”—Umhl.] Masikholwe yilokho manje sisakhuleka.

²⁰ Nkosi, abantu balindle. Izwi elilodwa elivela kuWe lizoba ngaphezu kukaMfowethu Neville noma ngingasho ezinsukwini eziningi zokuphila. Izwi elilodwa nje. Manje, kukhona isigamu salezizethameli esingakaze sibone imihlangano ngaphambilini. Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, thumela aMandla kaJesu Kristu kuleli gumbi, Ovukileyo, uMoya oNgcwele owafika ePhentekoste, futhi kwangathi Angagcoba abantu kakhulu. Kwangathi ngingakwazi, ngisho nalokhu kushelwa yizwi, ukuzinikela mina uqobo ngokuphelele kakhulu eMoyeni waKhe, ukuthi Angakwazi ukukhuluma ngalelizwi eliphukile engiMnika lona, abuke ngalamehlo engiMnika wona, ukuba akhombise imibono nezinto ezizokwenza abantu babone ukuthi Uvukile kwabafileyo. Futhi lapho lababantu bebona lokho, kwangathi zonke izethameli zingasingatha zonke izithembiso Azenzile. Uma bonile, kwangathi bangaMsingatha ukuba bathethelele. Uma benokugula, kwangathi bangazi ukuthi ngemivimbo yaKhe siphulukisiwe. Siphe khona, Nkosi. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

²¹ Manje ngelamanqamu kakhulu. Lapha ngaphambi kwamabili noma amakhulu amathathu abantu, kulula. Uma, uma phambi kwamakhulu amahlanu ezinkulungwane, ingxenye yesigidi, kwenzeka izinto ezifanayo. UnguNkulunkulu. Manje bangaki phakathi lapha ogulayo futhi ufuna ukukhulekelwa, phakamisa isandla sakho. Niyabo, cishe ingxenye yenu, noma ngaphezulu. Angikwazi ukuba letha bonke lapha. Ngicabanga... ngizodingeka ngibuze uBilly futhi. Ngimbuze uma enikezela ngamakhadi omkhuleko. Manje, ngabe—ngabe ukwenzile na? [Omunye uthi, “Yebo.”—Umhl.] Kulungile. Kulungile.

²² NgeSonto eledlule noma okokugcina ngangilapha, abanikezelanga amakhadi omkhuleko, futhi ngabuza nje, “Bangaki abantu lapha abangakaze babe semhlanganweni ngaphambilini na?” Abaningi baphakamisa isandla sabo, ukuthi abakaze babe semhlanganweni. Ngenkathi besamile nezandla zabo ziphakeme, uMoya oNgcwele wahamba wazungeza ubatshela ukuthi babengobani nokuthi zaziqini izifo zabo, nokuthi kwakwenzekeni; futhi waphulukisa ngokuphelele kakhulu, kwaze kwathi amathumba nezinto abantu kwanyamalala, kwaze kwaba ukuhlinzwa kwangenziwa. Bangaki owayelapha ukuba abone lokho amaviki ambalwa adlule na?

23 Uma ewanikizela amakhadi omkhuleko, khona-ke sizobiza. Lokho kunikeza abantu basekhaya, futhi hhayi abantu basekhaya; abantu abakade besemhlanganweni, abantu abangazange; ukuba beze emgqeni womkhuleko. Asikwazi ukubathatha bonke phezulu lapha ngesikhathi esisodwa. Sizobaletha ngokuthula nje ngakho konke osingakwenza.

24 Futhi ngifuna nina ukuba nibeqotho kuNkulunkulu. Nibeqotho kini. Futhi uma uJesu Kristu ezofika phakathi kwethu futhi enze futhi enze nje njengoba Enza ngenkathi Elapha emhlabeni, ehamba eGalile, ubufanele uMamukele nganoma yini onesidingo sayo. Awudingeki ukuba ube phezulu lapha emsamo. Uyakuhlonipha ukukholwa. Kuzoba nabanye abantu lapha ogulayo phandle lapho ezethamelini, ongabanga nalo ngisho nekhadi lomkhuleko, bazophulukiswa noma kanjani. Bangaki ogulayo futhi ongenalo ikhadi lomkhuleko na? Phakamisa isandla sakho. Awu, awamaningi kakhulu amakhadi omkhuleko akhishwayo khona-ke, niyabo. Kulungile, kholwa nje. Bheka ngapha nje.

25 Ake nginibonise lokho uJesu akwenza ngenkathi Wayelapha emhlabeni. Kwakunowesifazane, ngesinye isikhathi, oweza kuYe. Futhi wayengenakukwazi ukungena esixukwini. Wayengenalo ikhadi lomkhuleko, kepha wathinta umphetho wengubo yaKhe, ngokuba wathi enhliziyweni yakhe, “Ngiyazi ukuthi lowoMuntu ukhuluma iQiniso. Uma ngingathinta ingubo yaKhe, ngizosinda.” Futhi wathinta ingubo yaKhe, waphuma ezethamelini mhlasiembe ezinkundlwana kakhulu kakhulu kunalezi.

UJesu waphenduka, wathi, “Ubani oNgithintile na?”

26 UPetru waze waMkhuza, wayesethi, “Kungani Ubuza into enje, lapho bonke bezama ukuKuthinta na?”

Wathi, “Kodwa ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka.”

27 Imibono ibangela ubuthakathaka. Awukwazi ukwenza, uhambe kude kakhulu nayo. Futhi Wathi, waqalaza phezu kwezethameli waze Wafumana owesifazane, futhi wamtshela ukuthi wayekade enompho, futhi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile.

28 Bangaki abazi lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] IBhayibheli lithi, “UJesu Kristu namuhla ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.” Ngabe kunjalo na? [“Amen.”] Awu, uma WayengumPristi oMkhulu, futhi enokuzwelana nobuthakathaka bethu, Ubengenze njengoba nje Enza ngaleso sikhathi, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade na?

29 Khona-ke wena ongenalo ikhadi lomkhuleko, bheka ngapha, futhi uthi enhliziyweni yakho, “Nkosi, ngikholwa ngayo yonke inhliziyo yami, futhi ngikholwa ukuthi Uzongiphulukisa. Futhi ngivumele ngithinte ingubo yaKho. Futhi Wena khuluma

ngoMfowethu Branham futhi umtshele, njengoba nje Wenza kowesifazane, futhi ngizoKukholwa.” Ngabe uzoba qotho kangako, futhi ukholwe uNkulunkulu ngayoyonke inhliziyoyakho na?

³⁰ UBilly Paul ushilo, ushilo imizuzu embalwa edlule, emi lapha, ningithathele umnikelo wothando. Bengingafuni ukuba lokhu kwenzeke. Lokho beku...Kodwa, ngiyabonga, ngokufanayo nje. Ngiyawudinga manje ohambweni lwami lwaseCalifornia. Ngizowubekela iVangeli.

³¹ Iminikelo emincane eninginika yona, niyazi ukuthi kwenzekani kuyo na? Ngaya ePuerto Rico naseJamaica emavikini embalwa adlule, lapho ababhalisa khona abaphendukile abayizinkulungwane ezingamashumi amane ngobusuku obuyisishiyagalolunye. Wenzani na? Okweshumi kwenu. Lapho sengihambile, usudolobha we...umehluleli wesiqhingi wasukuma, wathi, “Sinabavangeli bengena lapha futhi bathathe iminikelo emihle, futhi babize imali enkulu. Kodwa,” wathi, “ngenkathi uMfowethu Branham efika, akazange acele ngisho nopeni wemali, akazange asicele ukuba sikhokhele izindleko zakhe zehhotela. Futhi wazikhokhela uhambo lwakhe, ukuya nokubuya.” Wenzani na? Imali yenu. Ngifuna ukuqinisekisa ukuthi ngiyisebenzisa kahle. Ngakho, esiHlalweni sokwaHlulelwa, uma sengima phambi kwenu noNkulunkulu, ngifanele ngiziphendulele ngawo, kwenziwe kahle. Ngiwuthathe mina uqobo, inqobo nje uma ngisakwazi ukuhamba, ukwenza okwedlula konke engingakwenzela inkazimulo yaKhe.

³² Manje asikwazi ukuletha wonke amakhadi omkhuleko ngasikhathi sinye, ngakho ngizobaletsa nje bakhuphuke, abambalwa nje ngasikhathi.

³³ Ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala na? Ungasiphakamisa isandla sakho uma ungakwazi ukusukuma. Emuva le ngemuva, yinenekazi eliyikhaladi. Yehla ngqo ngalendlela, nenekazi. Yehlela phansi bese uza lapha ohlangothi lomsamo. Manje ubani onekhadi lomkhuleko lesibili na? Uma ungakwazi ukusukuma, phakamisa isandla sakho, ikhadi lomkhuleko lesibili. Inenekazi elimhlophe lapha. Kulungile, nenekazi, woza wenyuke ngqo futhi ulandele lelinenekazi eliyikhaladi phezulu lapha, phezulu lapha ngqo. Manje bayiseni ngapha ngaleyondlela, Doc, masinya lapho lona ugcaliswa phezulu lapha.

³⁴ Ikhadi lomkhuleko, elesithathu, ungasiphakamisa isandla sakho uma ungakwazi. Umnumzane ohloniphekile khona ngapha, mnumzane. Elesine, ungasiphakamisa isandla sakho. Kulungile, nenekazi, khona ngapha. Elesihlanu, ungasiphakamisa isandla sakho. Lomfo osemncane khona lapha. Kuze kube manje, bonke uyizihambi kimi. Elesithupha, ungasiphakamisa isandla sakho, elesithupha. Ngilibizile

elesihlanu, elesihlanu na? Nelesithupha, isihambi kimi futhi. Elesikhombisa, ungasiphakamisa isandla sakho. Phakamisa isandla sakho, ubani onelesikhombisa. Kulungile, ngikholwa ukuthi ngiyamazi lowomfo. Ngi—ngikholwa ukuthi ngiyamazi. Elesishiyagalolunye, ungasiphakamisa isandla sakho uma ungakwazi. Inenekazi ngapha. Kulungile, elesishiyagalolunye. Kulungile, nenekazi. Eleshumi. Kulungile, eleshumi, inenekazi.

³⁵ Kunephutha ndawana thize. Iyiphi inombolo yalendoda lapha na? Ngabe omunye ubengabuka, omunye wenu bangenisi woza lapha futhi ubheke. [Omunye uthi, “Ungelamashumi ayisishiyagalombili nane.”—Umhl.] Amashumi ayisishiyagalombili nane. Bekungeleshumi ebengilibiza ngaleso sikhathi, ngiyabonga, eleshumi. Kodwa sizofinyelela kuwe noma kanjani. Lokho kulungile. Buka, ngiyazi ukuthi ubani inombolo yakho manje. Ngamashumi ayisishiyagalombili nane, bekungesiyo, uthi amashumi ayisishiyagalombili nane noma into enjalo na? Kulungile, linda lapho nje. Kholwa nje. Ngiyakutshela, uma ungalisebenzisi lelokhadi, ikhadi lomkhuleko, bheka ngapha futhi ukholwe uNkulunkulu, futhi ubone ukuthi uNkulunkulu uzophendula umkhuleko wakho. Kulungile.

³⁶ Inombolo, ngabe bekuyishumi lelo na? Ishumi nanye. Kulungile, ishumi nambili. Manje, uma ungakwazi ukusukuma, nje...Ishumi nambili. Ishumi nantathu, ishumi nantathu, emuva le. Ishumi nane, ishumi nane, le ngemuva. Ishumi nanhlanu.

³⁷ Anikezwa noma yikuphi. Abafana abawanikezelayo, bathi nje, “Ngubani ofuna ikhadi lomkhuleko, phakamisa isandla sakho.” Bayawathatha futhi bawaxube onke, akekho owaziyo ukuthi ubani othola liph. Futhi bayawanikezela nje ngaleyondlela.

³⁸ Eleshumi nane. Eleshumi nanhlanu, ubani onekhadi lomkhuleko leshumi nanhlanu, eleshumi nanhlanu na? Ishumi nesithupha, emuva le ngemuva. Ishumi nesikhombisa. Manje, uma eleshumi nesithupha lisesakhiweni noma eme ngaphandle esikhaleni sezihlalo, vele uvule indlela ngapha. Inombolo...Ngiyaxolisa, angikaze ngisibone isandla sakho, dade, kuso. Ungoweshumi nesithupha na? Kulungile... [Udade uthi, “Ishumi nesikhombisa.”—Umhl.] Ishumi nesikhombisa. Ishumi nesishiyagalombili, ishumi nesishiyagalolunye, ishumi nesishiyagalolunye. Amashumi amabili, elamashumi amabili, indoda ngapha. Kulungile. Kulungile.

³⁹ Manje ngikholwa ukuthi siphumela ngqo esikhaleni esiphakathi nezihlalo lapha manje, kanjalo sizo... [Omunye uthi, “Lokho kwanele.”—Umhl.] Uthini? [“Lokho kwanele.”] Lokho kwanele okwesikhathi. Kulungile. Awu, buka ngapha futhi ukholwe. Kulungile.

Ake sibone, uma umshayi wopiyano, ngesizotha nangokuthula, *Kholwa Kuphela*, ngokuzothe ngempela nje.

⁴⁰ Iningi labantu esikheleni esiphakathi nezihlalo lapha izihambi kimi. Angikwazi. Manje kunabanye phakathi lapha osenamakhadi omkhuleko, abanye mhlawumbe abanawo amakhadi omkhuleko. Mhlawumbe singabiza abanye futhi emgqeni womkhuleko nje emizuzwini embalwa, masinya nje sisathola lesikhala esiphakathi nezihlalo siqondisiwe.

⁴¹ Ngikholwa ukuthi lomnumzane ohloniphekile lapha, Doc, ibingena ivela emuva lapho, ibiziwe, ishumi nesithupha noma isikhombisa- . . . ishumi nesithupha. Kulungile, woza ngapho futhi uthole isikhundla sakho, mnumzane.

⁴² Manje, uma ungabizwanga, lokho akuhlangene nalutho nakho, niyabo, buka nje futhi ukholwe.

⁴³ [Omunye uthi, “Siseneshumi nanhlanu elingatholakali, futhi.”—Umhl.] Eleshumi nanhlanu alitholaki. Mhlawumbe umuntu akakwazi ukusukuma. Uma ungakwazi ukusukuma. . . Umuntu othile akabuke ikhadi lomkhuleko lomunye umuntu, mhlawumbe uyisithulu futhi akezwa. Uma belapha, ishumi nanhlanu, wamukelekile ukuthatha indawo yakho emgqeni. Uma bephumile futhi bazobuya emizuzwini embalwa, bafakeni emgqeni masinyane nje lapho inombolo yabo ibizwa.

⁴⁴ Uma sesehlela ngasemgqeni lapha, sizobiza amanye bangene, uma uMoya oNgewele ungabonakali ugcoba isakhiwo, abantu, ukuze bakwazi ukuphulukiswa.

⁴⁵ Manje, manje yisikhathi esibucayi, manje yisikhathi lapho kuphakathi kokuthi ngikhulume iQiniso noma ngikhulume amanga. Manje yisikhathi lapho uJesu Kristu efakazisiwe ukuthi uvukile kwabafileyo, noma Akavukile kwabafileyo. Manje yisikhathi lapho Enguye izolo, namuhla, naphakade, noma Akasiyena izolo, namuhla, naphakade. Manje Ufanele afakazise ukuthi unguMphulukisi, noma Akasiyena uMphulukisi. Futhi uma noma ubani ethanda ukuthatha indawo yami, ukuba akhulekele abagulayo, wamukelekile ukuba uze futhi uthathe indawo yami.

⁴⁶ Bangaki kini emgqeni womkhuleko lapha, nisabuka lapha, osemgqeni womkhuleko manje, ongangazi, futhi uyazi ukuthi angikwazi noma lutho ngawe, phakamisa isandla sakho.

⁴⁷ Phandle ezethamelini, owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe, phakamisa isandla sakho (nokho uyagula) phandle ezethamelini. Niyabo, nakho lapho nikhona.

⁴⁸ Manje uNkulunkulu uzokwenzani na? KunomBhalo, uMoya kaNkulunkulu ulapha, manje kuzosebenza na? Uma ngingazinikela mina uqobo kuMoya oNgewele, kuzosebenza. Futhi ngeke kungisebenzele ngaphandle uma uzinikela wena uqobo kuMoya oNgewele, “Ngemisebenzi eminingi

yamandla uJesu akayenzanga ezweni laKhe uQobo, ngenxa yokungakhoholwa kwabo.”

⁴⁹ Manje kholwani ngenhliziyo yenu yonke, yibani nenhlonipho yokuzithoba ngempela ngeningakwenza. Yimani nithule, nibhekisise. Uma uMoya oNgcwele wenza okuthile, khona-ke thokozani, bese nikhoholwa-ke.

⁵⁰ Manje, Nkosi, konke esinakho, konke esiyikho... Bame kwaze kwaba imilenze yabo inenkwantshu, bahlale kwaze kwathi sebelungele ukuquleka. Manje, Nkosi, makwazeke ukuthi Wena unguNkulunkulu. Futhi ngibizele lezi zethameli ndawonye, ngokuyala kwaKho. Futhi ngimi lapha, kungesikho ukuba ngibonwe, noma kungesikho ukuzama ukulingisa omkhulu noma ukwenza okuthile okwehlukile, kodwa yingenxa yokuthi ukuthunywa okungiyalile ngeNgelosi, futhi kwaqinisekiswa yiZwi laKho. Makwazeke kulobubusuku ukuthi UnguJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, evukile kwabafileyo; futhi Uhlala eBandleni laKho, kubantu baKho, ukwenza nokufeza inkonzo efanayo Owawunayo ngenkathi Ulapha emzimbeni wenyama. Siphe khona, Nkosi. Futhi sizoKudumisa, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

⁵¹ Manje uphi uBilly Paul, ngabe ukulesi sakhiwo na? Uphumile na? Noma, omunye umuntu ubefanele eze lapha ukuba athathe lamakhadi omkhuleko, niyabo. Woza, Mfowethu...?... Owesifazane unekhadi lomkhuleko esandleni sakhe. Mnike lona nje, niyabo.

Yiba nenhlonipho yokuzithoba ngempela manje.

⁵² Manje lelinenekazi lapha, ngokwazi kwami, liyisihambi ngokuphelele kimi. Futhi nasi isibonelo esiphelele somBhalo, abantu ababili nobuzwe obubili obuhlukene.

⁵³ UJesu ufika emthonjeni ngesinye isikhathi, kuJohane oNgcwele 4, futhi wahlangana nowesifazane wasaSamariya. Futhi Wakhuluma naye okwesikhashanyana, waze Wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Futhi Wamtshela inkathazo yakhe. Futhi, ngenkathi Esenzile, wakuqonda ukuthi unguMesiya. Bangaki owazi lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyayikhumbula ingxoxo yabo na? Wathi, “Sifazane, Ngiphuzise.” Wayenzani na? Exhumana nomoya wakhe.

⁵⁴ Wayesethi, “Umthombo ujulile, futhi Awunanto yokukha ngayo. Akusilo isiko kuWe, umJuda, ukucela umSamariya okunjalo.”

⁵⁵ Wathi, “Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, ubuzocela kiMi amanzi.”

⁵⁶ Futhi ngakho ingxoxo yaqhubekela phambili waze Wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Bangaki abaziyo ukuthi

inkathazo yakhe yayiyini na? Wayehlala ngokuphinga. Ngakho Wathi, “Hamba ulande indoda yakho uze lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

⁵⁷ Wathi, “Usho kahle. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho.”

⁵⁸ Manje lalelani ukuthi wathini. Wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Siyazi ukuthi uma uMesiya esefikile Uzositshela lezizinto. UMesiya, isibonakaliso sikaMesiya, Uyokwenza lokhu lapho Efika; ngoba WayenguNkulunkulu-Mprofethi, umProfethi, uMose akhuluma ngaye.” Wathi, “Siyazi ukuthi uMesiya uzokwenza lokhu uma Efika, kepha Ungubani Wena na?”

Wathi, “NginguYe okhuluma kuwe.”

⁵⁹ Futhi wagijimela emzini watshela amadoda, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshela izinto engizenzileyo. Lona kungebesuye uMesiya na?”

⁶⁰ Futhi nakhu kumi owesifazane waseTopiya kumuntu waseAnglo-Saxon, behlangana okokuqala empilweni; esikubiza ngokuthi owesifazane oyikhaladi, nomuntu omhlophe. Ngenkathi lowo mbuzo wabuzwa lapho, ekwahlukaneni, ngaphambi kukaJesu, Wabazisa ngokushesha okukhulu: akukho mehluko ebaleni labantu. Sonke sivela emthini owodwa, uAdamu noEva. Impela. Amazwe esasihlala kuwo, lashintsha ibala lethu; sasingahlanganise lutho ngakho. UNkulunkulu wafela zonke izidalwa: umuntu omhlophe, umuntu omnyama, umuntu ophuzi, umuntu onsundu, umuntu obomvu, nabo bonke. Bonke bayizidalwa zikaNkulunkulu.

⁶¹ Kodwa inenekazi limi lapha ngenhloso ethize. Mhlawumbe liyikholwa, mhlawumbe alisilo. Mhlawumbe liyisoni. Lingahle libe ngongcwele. Lingahle ukuba liyagula, lingahle ukuba aliguli. Lingahle ukuba lifuna; inkathazo yezezimali. Lingahle ukuba limele omunye umuntu. Angazi. Angikaze ngilibone, futhi anginawo omunye umqondo ukuthi likhonela ini kunalutho. Nenenekazi liyakwazi lokho. Ngabe kunjalo, nenekazi na? [Udade uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho ukuze abantu babone. Phakamisa isandla sakho nje ukuze abantu. . . Phakamisa isandla isakho nje. Lokhu ngukuhlengana kwethu kokuqala. Manje uma iNkosi uJesu izo. . .

⁶² Uma ligula, ngingeliphulukise kungengaphezu kokuthi benginganiphulukisa. Kodwa ukuba—ukuba uJesu ubelapha Ubengeliphulukise, ngoba Usevele ukwenzile ngenkathi Efa eKalvari. Kodwa Engenza okuthile ukufakazisa ukuthi UsenguJesu ofanayo, futhi belizokukholwa, belizophulukiswa. Futhi ngesikhathi esifanayo belizophulukiswa, ubuzophulukiswa, nawe, uma ubuzokukholwa. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi,

“Kunjalo.”—Umhl.] Manje, kwangathi iNkosi ingasipha khona. Ngilindele ugcobo lukaMoya oNgcwele, kusobala.

⁶³ Futhi manje, eGameni likaJesu Kristu, ngithatha bonke omoya phakathi lapha babe ngaphansi kokulawula kwami, ukwenzela inkazimulo kaNkulunkulu.

⁶⁴ Manje, nenekazi, ngifuna nje ungibuke umzuzwana nje. Ngifuna ukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho. Futhi anginamqondo ukuthi ungani lapha, ukuthi ungubani, kunalutho. Kodwa uNkulunkulu wazi konke ngawe. Kodwa uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi ukhonela ini lapha, khonake uzokholwa ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ulapha ukwenza futhi enze ngendlela Enza ngayo ngenkathi Elapha emhlabeni na?

⁶⁵ Ngabe izethameli zizokholwa, ngokuvumelana kunye na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

⁶⁶ Manje nakhu lapho sikhona, inkundla ibekiwe. Sobabili sinezandla zethu ziphakeme, siyizihambi komunye nomunye. UMoya oNgcwele waloba iBhayibheli, wathi lezizinto ziyokwenzeka ngalolusuku, ukuthi uJesu uvukile wabafileyo futhi lezizinto ziyokwenzeka, inkonzo yaKhe iyoqhubeka, futhi ngalolu izinsuku zokugcina kuyofana ncamashi ngendlela nje Athembisa ukuthi iyoba njalo. Manje ngabe kunjalo na?

⁶⁷ Inenekazi, njengoba linokwethuka, kusobala, lihlikihla izandla zalo ngoba lizizwa lixakile ngalesi sikhathi. Hhayi ngoba limi kimi; Ngingumfowabo, bekungeke kulenze lizizwe ngaleyondlela. Kodwa li—liyaqaphela ukuthi kukhona okwenzekayo. Futhi uyasibona lesi sithombe lapho esinokuKhanya phezu kwaso, dadewethu na? Yilokho okukwenza uzizwe ngaleyondlela. Leyo yileyoNgelosi yeNkosi, Iphezu kwakho ngqo manje. Futhi ulapha ukuba ngikukhulekele, [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] mayelana nenkathazo yeqolo ekuphethi. [“Kunjalo.”] Kunjalo, phakamisa isandla sakho.

⁶⁸ Manje niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabo, wenza kwaziwe, imfihlo yenhliziyi. Njengoba nje Athi, “Unamadoda ayisihlanu.”

⁶⁹ Nithi manje, abafika okokuqala, ningahle nithi, “UMfowethu Branham ukuqagelile lokho.”

⁷⁰ Ake sibone uma ngiKugagelile. Ngikholwa ukuthi Kuthe ubunenkathazo yeqolo. Bekunjalo na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Lelo bekuliqiniso na? [“Yebo, mnumzane!”] Futhi wena, ubenokuhlinzwa, futhi, futhi usanda kufika uphuma esibhedlela. Futhi, ukuze wazi ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu, umyeni wakho uhlezi emuva lapho. [“Yebo, mnumzane, kunjalo.”] Futhi unenkathazo, naye. Uma ngingakutshela ukuthi iyini inkathazo yomyeni wakho, uzokholwa na? [“Yebo, mnumzane.”] Unenkinga ngohlangothi

Iwakhe nangeqolo lakhe. Ngabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Ngizokutshela enye into. Ngibona insizwa, indodana yakho, ihlezi emuva ngqo lapho, futhi. [“Kunjalo.”] Kunjalo. Futhi indodana yakho inohlobo oluthize lwamalumbo. [“Yebo, mnumzane.”] Kunjalo. [“Yebo, kunjalo. NgiyaKubonga, Jesu.”] UNkk. Stovall igama lakho. Yelo yigama lakho, uNkk. Stovall. [“Yebo.”] Yiya ekhaya, uJesu Kristu uyiphendulile imikhuleko yakho! Ungabanakho okucelile, ngeGama likaJesu.

⁷¹ Manje kholwani nje! Nonke nina bantu abangamakhaladi, kholwani ngayo yonke inhliziyu yenu manje. Niyaqonda ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, uvukile kwabafileyo na? Lowo nguMoya waKhe owenza uzizwe ngaleyo ndlela.

⁷² Manje nangu owesifazane omhlophe. Angimazi, anginamqondo ukuthi ungubani, ukuthi uyini, noma—noma ukuthi ukhonela ini. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje uyakholwa na? Uma uNkulunkulu ethanda, angembula inhliziyu yakhe, njengoba nje Enza kowesifazane emthonjeni, njengoba Enzile kowesifazane oyikhaladi, bangaki abantu abamhlophe obezokholwa uma Ekwenzile na? Lapha, mina nalona owesifazane, sobabili nezandla zethu ziphakeme, lokhu ngukuhlangana kwethu kokuqala.

⁷³ Ngisho into eyodwa, inenekazi alisilo elangapha. Ufika uvela empumalanga, uza entshonalanga ngenkathi uza lapha. Kulungile. Uvela eOhio, nedolobha beliyiDayton. Kunjalo. Futhi okukhonela lapha, kungenxa yokuthi unobuthakathaka. Futhi unesimo sokuguliswa yimizwa, isizathu awukwazi ukulala. Uthatha uhlobo oluthile lomuthi ngalokho. Bakubiza ngo “Dixie,” kunjalo, Mason. Kunjalo. Buyela emuva, uzolala manje, kusukela kulobubusuku kuqhubeke. UJesu Kristu uyakusindisa. Hamba eGameni leNkosi.

⁷⁴ Uma ungakholwa! Manje wena phandle kulezo zethameli, ngenkathi ugcobo lukaMoya oNgcwele luselapha, kholwa, nina eningenawo amakhadi omkhuleko.

⁷⁵ Kuthiwani ngendoda endala ebeyimi lapha ngesikhathi esedlule, lokho, ayikwazanga ube... engakwazi ukungena emgqeni, ubenenombolo engesiyo, ubekuphi na? Wena, Sukuma ngezinyawo zakho. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu unguJehova iNdodana kaNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? [Umzalwane uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Kulungile. Unenkathazo yamaphaphu akho. Kunjalo. Isikushiyile manje, yiya ekhaya bese uhamba kahle! UJesu wakwenzela iphaphu elihle, niyabo.

Yiba nokukholwa, futhi ukholwe. UNkulunkulu unguNkulunkulu.

⁷⁶ Sawubona, mnumzane? Uyayikholwa iNkosi uJesu Kristu na? [Umfowethu uthi, “Amen.”—Umhl.]

⁷⁷ Manje, kwakukhona umuntu oweza kuJesu ngesinye isikhathi, futhi wahamba futhi wasindiswa, wahamba watshela omunye umngane, wamletha. Futhi lo mngane...Wamtshela ukuthi wayeyikholwa. Futhi wamangala lapho ezwa, futhi wathi, “Uke Wangazi nini na?”

⁷⁸ Wathi, “Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi ungaphansi komuthi, Ngakubona.” Lokho kwakungamamayela angamashumi amathathu ukuzungeza intaba. Ngezinyawo, kwamthatha usuku ukubuyela emgqeni womkhuleko, futhi lapho engena emgqeni womkhuleko.

⁷⁹ Uyakholwa ukuthi uJesu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho na? Ngabe uzokholwa ngayo yonke inhliziyi yakho na? Ngabe izethameli zizokholwa ngayo yonke inhliziyi yazo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Akakhonela yena uqobo lapha. Kungokomunye umuntu; futhi lowo ngowesifazane, futhi usibekelwe ngukufa, lowo ngudadewenu. [“Yebo, kunjalo.”] Akusiyena ncamashi owakho...Ngudadewenu uhhafu. [“Kunjalo.”] Futhi akekho lapha. Usesibhedlela eTennessee. Nawe uvela lapho. [“Kunjalo.”] Futhi ungu...Owesifazane ube nokuhlinzwa, kodwa akusizanga ngalutho. Futhi ume esikhundleni sakhe. UNkulunkulu ukupha isicelo sakho. Hamba, futhi kwangathi uNkulunkulu angamuphulukisa lowo wesifazane futhi amsindise, phezu kwezisekelo zokukholwa kwalendoda.

⁸⁰ Nkosi Nkulunkulu, silahla lowodeveli othatha impilo yalowo wesifazane. Futhi kwangathi lomuntu, ohlobene naye, angaphila ngoba uzile futhi wama esikhundleni sakhe. Jesu, Wama eKalvari esikhundleni sethu, futhi Wasiphulukisa. Futhi siyaKukholwa. Kwangathi kungaba njalo. Amen.

Hamba, ukholwa manje, mfowethu. Ungacabangi ngalutho olunye.

⁸¹ Suwubona? Siyizihambi komunye nomunye. Lokhu ngukuhlangana kwethu kokuqala. (Manje hloniphani ngokuzithoba impela nje, futhi nilalelisise futhi nikhuleke.) Uma singazani, futhi siyizihambi komunye nomunye, mhlawumbe isikhathi sokuqala esake sahlangu ngaso. [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Ngabe kunjalo na? Uma lesi kuyisikhathi sokuqala esake sahlangu ngaso, phakamisa isandla sakho. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, khona-ke uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? [“Yebo, ngiyakholwa ukuthi uyiyi. Uyinceku kaKristu.”] Ngizokutshela manje. Asikaze sihlangu ngaphambilini, kodwa ungowaseKentucky. Kunjalo. Uvela endaweni okuthiwa iSomerset, eKentucky. [“Yebo.”] Kunjalo impela. Ngivela eBurkesville, eKentucky. Futhi uphethwe yinkathazo ese—sezibilini zesisu, ingxenye engezansi. [“Yebo!”] Ngamathumba.

Kunjalo. Kulungile, Jewel [“O!”], buyela emuva, uNkulunkulu ukupha ukuphulukiswa kwakho. [“O!”]

⁸² Uyakholelwa eNdodaneni kaNkulunkulu, uJesu ovukileyo na? [Udadele osanda kuphulukiswa nje ngamathumba, uyamemeza futhi, “O!”—Umhl.] Uma ungakholwa! Ungahle uzibuze ukuthi kungani inenekazi lithokoza. Ubungakwenza, nawe, [“O!”] uma ubukade usesimweni sokufa. [“Alidunyiswe iGama laKhe!”]

⁸³ Angikwazi. Kodwa angi. . . Uma ngingaphosisi, ngikholwa ukuthi ubhaphathizwe kulokhu ukusa, ngoba ngibona ukuthi wenze okuthize okuhle. Kodwa, ukukwazi, angikwazi. Usanda kungena echibini nje, futhi lokho beku. . . li—libhaphathiziwe. Kodwa uyakholwa ukuthi uJesu angembula kimi izinkathazo zakho na? Ngabe izethameli ziyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yazo na? Ngibona owesifazane ebonakala phakathi kwami nawe. Ume lapha umele owesifazane, nowesifazane mdala kakhulu kunawe. Ngani, ngumama wakho. Akekho lapha. UngowaseGeorgia. Futhi unokwethuka ngempela. Okuyikho, ngukuguquka kwempilo, ukuya esikhathini. Futhi umele umama wakho. Lelo yiqiniso. Awu, uzodlula kukho, futhi asinde. Hamba, ukholwa manje, konke kuzodlula. Mtshela ukuba abe nesibindi esihle.

⁸⁴ UNkulunkulu akubusise, nsizwa. Yiba nokukholwa. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Uma ungakholwa! Khuleka.

⁸⁵ Ngicabanga ukuthi wena nami siyizihambi. UNkulunkulu uyakwazi futhi Uyangazi. Kodwa uNkulunkulu angangembulela inkinga yakho na? Uma Ezothanda, ubungaMkhulwa na?

⁸⁶ Bangaki abantu abaphakathi lapha abebengakholwa, futhi bathi, “Nkulunkulu, ngizokholwa uma Uzotshela leyo ndoda” na? [Ibandla lithi, “Yebo. Amen.”—Umhl.]

⁸⁷ Umzuzwana nje. Inenekazi elihlezi ngemuva ngqo kwalamantombazane lapha, lingibuka, lihlushwa yimithambo edumbile. Futhi lihlezi lapho, likhulekela omunye umuntu. Futhi umoya walo uthinte umPristi oMkhulu, futhi lisekuxhumaneni noNkulunkulu. Ukhulekela umngane wakho, onenkathazo yomqondo. Futhi bahlala e—edolobheni, idolobha elincanyana, yiCorydon, eIndiana. Kunjalo. Uma ungakholwa, unganakho okucelile. Amen.

⁸⁸ Uke waba nesifo senhliziyo; eduze nokuphela komgwaqo. Ake ngikutshela enye yezinkathazo zakho, nokho, ukubhema osikilidi. Linda umzuzu, lowo moya wagxuma ngaleso sikhathi. Akafuni ukwenza lokho. Yilokho okubangela inkathazo yakho. Lapha, yilensizwa ehlezi ngapha ngqo, ifuna ukuyeka osikilidi, nayo. Uma izokholwa ngayo yonke inhliziyo yayo, umkhuba kasikilidi uzohamba. Uma ungakholwa! Uyakhulwa na? Uma uzokukholwa futhi usebenzele kukho, ungaba nakho ukukhululwa kwakho; kanjalo *nawe*. Awusuye owalapha.

Ungowakude nalapha, futhi. Buyela eOwensboro manje, udumisa iNkosi. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

⁸⁹ Ngiyakwazi, kodwa angazi ukuthi yini engalungile ngawe. Uma iNkosi izokwembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, uzoYikholwa na? Khona-ke inkathazo yakho yesisu izosinda. Kulungile. Yiya ekhaya futhi uthokoze, kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

⁹⁰ Angikholwa ukuthi ngiyakwazi. Ngabe siyizihambi omunye komunye na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Uyakholwa na? Yilokho e—engikutshela khona, iqiniso, ubuzokwazi ukuthi bekuyiqiniso noma qhabo. [“Yebo.”] Kulungile, inkathazo yenhliziyi yakho izokushiya. [“Yilokho-ke. Ngiyabonga.”] Yiya ekhaya futhi usinde.

⁹¹ Angikwazi. [Udade uthi, “Qhabo.”—Umhl.] Kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Ubuzokholwa uma ngikutshela ukuthi inkathazo yakho ibiyini, nokuthi ibikuphi, ubuzosinda na? Eqolo lakho. Yiya ekhaya manje, kuzokushiya futhi uzosinda.

⁹² Ucabanga ukuthi uNkulunkulu angaliphulukisa lelo thumba futhi alisindise, ngale kokuhlinzwa na? Uyakholwa? Phakamisa izandla zakho uma ukukholwa. Yiya ekhaya futhi ukwamukele, eGameni leNkosi uJesu. Kholwa.

⁹³ Kuxakile, ngenkathi ngisho lokho, ubunento efanayo. [Udade uthi, “Yebo, nginayo.”—Umhl.] Ithumba. Uzwe umuzwa oxakile ngenkathi ngisho lokho, ngoba yomibili imimoya igxumile, ngesikhathi esifanayo. Hamba, uJesu Kristu uzokusindisa. Kholwa.

⁹⁴ Ungumuntu osemusha, ukuba nesifo samathambo, kodwa uyakholwa ukuthi uJesu uzokuphulukisa na? Uma ukholwa, qhubeka uphume, ukholwa, futhi usindiswe.

⁹⁵ Bangaki okholwa ngayo yonke inhliziyi yakho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

⁹⁶ Kungathiwani ukuba angisho izwi kuwe, kodwa ngakutshela ukuthi uNkulunkulu wakuphulukisa ngenkathi ufika ngasekhoneni lapho futhi ube nomuzwa oxakile, ubungangikholwa na? Yiya ekhaya, ususindile. UJesu Kristu uyakuphulukisa.

⁹⁷ Ungowesifazane osemusha ohlushwa ngukuguliswa yimizwa. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa lokho kuguliswa yimizwa futhi akususe kuwe na? Ubulokhu uzama ukuthola indawo ongaqala kuyo. Yilena khona lapha. Hamba manje, uthokoza, ujabule. Sekuphelile, kuwe. Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

⁹⁸ Unesimo sokwethuka esibangele inkinga yesisu. [Umfowethu uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Uphulukiswe ngenkathi uphakamile emuva lapho, mnumzane. Yingakho bengikulindele ukuba uze. Qhubeka, udle isidlo sakho sakusihlwa, usinde.

⁹⁹ Inkathazo yamanenekazi, ukwethuka, ukuxhaphazela kwesisu. Kunjalo. Izokushiya manje. Yiya ekhaya futhi usinde, eGameni leNkosi uJesu. Yiba nokukholwa nje.

¹⁰⁰ Unokuphazamiseka kwabesifazane, kunjalo, kubangela ukopha. Isibeletho esivalekile. Kholwa, uJesu Kristu uzokusindisa. Yiya ekhaya, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyu yakho.

¹⁰¹ Manje, unesimo esibi kakhulu, sisenhliziyweni yakho, ukucinana. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyasindisa na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Uma ukukholwa, hamba eGameni leNkosi, futhi usinde. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

¹⁰² Kulungile, mfowethu, uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyakusindisa, futhi na? Yehla ngomugqa nje, udumisa iNkosi.

¹⁰³ Bangaki phandle lapho manje abakholwa eNkosini uJesu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Wazi zonke . . .

¹⁰⁴ Nkk. Nash, ngiyakwazi, kodwa angikwazi ukusiza lokho kuKhanya okubambelele phezu kwakho. Ngiyakwazi, kodwa ukhulekela omunye umuntu. Ngumntwanyana omncane, umntwana omncane, akahlali lapha. UngowaseTennessee. Futhi, ukhulekela umngane wakho ongudokotela onenkathazo yenhliziyu. [Udade uthi, “O Nkulunkulu!”—Umhl.] Futhi umkakhe usanda kuba nonhlangothi omncane. [“O Nkulunkulu!”] Kunjalo. Kholwa, futhi ungasinda.

¹⁰⁵ Inenekazi elincane elihlezi ekupheleni kwesihlalo lapho, nomunwe walo phezu komlomo walo, ucabangani, nenekazi elincane na? Kade unesifo sokuqulekiswa yimizwa. Uyesaba ukuba nokunye. Kunjalo. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho, njengoba usasula izinyembezi zakho emehlweni akho. Ungesabi, futhi ngeke ube nakho.

¹⁰⁶ Inenekazi elihlezi eceleni kwakho lapho, unesifuba somoya, inkathazo yemithambo emaphashini. Yekela ukubhema, izokushiya.

¹⁰⁷ Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Kholwa ngayo yonke inhliziyu yakho. Uma ungakholwa, konke kuyenzeka!

¹⁰⁸ Nanti inenekazi lihlezi ngqo ngemva kwalelinenekazi lapha. Ngiqinisekile ukuthi u. . . Inenekazi, umzuzwana nje, igama lalo nguNksz Evans. LingelaseKentucky, eLouisville. Kulungile. Angikwazi. Uyazi ukuthi lelo yiqiniso. Unenkathazo yenhliziyu, unenkathazo ngezindlebe zakho. Kunjalo. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Buyela eLouisville, uJesu Kristu uyakusindisa.

¹⁰⁹ Ngiphosela inselelo ukukholwa kwakho, eGameni likaJesu Kristu, ukuba ukukholwe. Noma ubani phakathi lapha, kholwa ngenhliziyu yakho yonke! Emuva le ngemuva, umi ngemuva le, kholwa. Awudingi ukuba ungabi sendaweni ethize. Ngaphesheya kuloluhlangothi, kholwa! Bangaki ngemuva lapho

abadinga ukuphulukiswa na? Phakamisani izandla zenu, futhi nithi, “Ngiyakholwa, Nkosi.” Yiba nokukholwa!

¹¹⁰ Ehlezi emuva ngqo kulendlela lapha, ngibona indoda ekhuleka ngobuqotho, embonweni, imi lapho, ingumshumayeli, ime ngasepulpiti, futhi ishumayelela ukwanda... ikhulekela ukwanda kwenkonzo yayo. Angikaze ngiyibone ngaphambilini empilweni yami. Kodwa yilokho okukhulekelayo, mfowethu. Uzakuba nakho manje. Kholwa eNkosini uJesu!

¹¹¹ Kunendoda ehlezi emuva ngemuva kwakhe lapho, enento ethize engalungile ngengalo yayo, amahlumela engalweni yayo. Futhi i... Uma uzokukholwa, mnumzane, ungaba nokuphulukiswa kwakho. Amen.

¹¹² Ngaphandle nje *lapha* ekupheleni kwalomugqa lapha, owesibili koku, inenekazi elincane elinekhanda lalo likhothome, emuva ngqo ngasemuva emuva, lihlezi lapho likhuleka, linenkathazo yenyongo. Kunjalo, nenekazi, uphakamise isandla sakho, futhi ngiyazi u—ubuyilowo obekhuleka. Wemukele ukuphulukiswa kwakho ngaleso sikhathi.

¹¹³ Kanjani ngakho, uyakholwa ukuthi uJesu uvukile kwabafileyo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngabe Ulapha manje na? [“Yebo!”] NiyaMkholwa na? [“Amen.”] Khona—ke uma nizongikholwa, uma nginitshele iQiniso leBhayibheli, futhi uNkulunkulu uphendukile futhi waqinisekisa ukuthi nginitshele iQiniso, lokho kusho ukuthi, ngokuphelele ukuthi, iNkosi uJesu ilapha. Ngabe kunjalo na? [“Amen.”]

¹¹⁴ Khona—ke yenza lokhu, yenza lokhu, ungangabazi, beka izandla zakho phezu komunye ohlezi eduze kwakho. Ngizokhuleka khona ngilapha, futhi iqembu lenu lonke lenu lizophulukiswa khona manje uma nizokukholwa. Nizokukholwa na? Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, khona—ke. Wonke okholwa ukuthi uzophulukiswa manje, yithi, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen!”—Umhl.] Manje wena... ngizosho lomkhuleko. Ukhulekeni, ukhulekeni emva kwami.

¹¹⁵ [Ibandla liphinda lomkhuleko, emva kukaMfowethu Branham—Umhl.] O Nkosi, Mdali wamazulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuphakade, uMnikezeli waso sonke isipho esihle, ngiyadinga, Nkosi, amandla aKho okuphulukisa. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzongipha ukukholwa ukuba ngikwamukele. Leso yisethembiso saKho. Ngikholwa ukuthi UsenguJesu ofanayo owahamba ezingwini zaseGalile, wahlushwa ngaphansi kukaPontiyu Pilatu, wafa, wavuka, wakhuphukela kweliPhezulu, wabuyisela izipho kubantu, ngoMoya oNgcwele. Ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele ulapha uqhubeza umsebenzi ofanayo Owawenza ngenkathi Ulapha. Ngiyasingatha leso sethembiso. Ngamukela ukuphulukiswa kwami. Ngiyethembisa ukuphilela Wena futhi ngilalele iMiyalo yaKho, ngihambe ekuKhanyeni. Futhi manje ngiyakholwa,

ngoba ngenze lokhu kuvuma, ukuthi ngiphulukisiwe ngemivimbo yaKho.

¹¹⁶ Hlalani nithule ngempela. Manje cabangani nje, lokho ngukuvuma kwenu, uNkulunkulu ungena kini khona manje. Phefumulani kuMoya oNgewe, ngokukholwa, “Ngikholwa ukuthi isimo sami siyaphulukiswa. Ngikholwa ukuthi konke ukugula kwami kuthathiwe.” Nikhona manje eBukhoni bukaNkulunkulu. Aniwuzwa lowoMoya na? Vula izinhliziyu zenu, ukukholwa kwakho—kwakho. UMoya oNgewele uphulukisa abantu njengamanje; intombazane encane ihlezi lapha, enye ngakwesokudla sami. Umsamo wonke ubonakala ukhanyiswa ngaMandla kaKristu ovukileyo. Uphezu kwezethameli. Uphakathi kubantu. Manje, lowo bekungumkhuleko wenu.

¹¹⁷ Manje ngizokhuleka futhi ngicele udeveli wokungabaza ukuba adede kini.

¹¹⁸ O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, yizwa umkhuleko wami, Nkosi; masinyane, ngenkathi uMoya oNgewele eselapha, ngaphambi kokuba abantu babhubhe.

¹¹⁹ Ngiyahlala udeveli. UJesu Kristu wathatha ukunqoba kuwe, Wakuzuza eKalvari; Wanqoba phezu kokufa, udeveli, isihogo, nethuna, futhi wavuka futhi ngosuku lwesithathu, futhi uphila kuze kube phakade. Phuma lapha, Sathane, uyisidalwa esihluliwe. Shiya lababantu, futhi ubadedele baphulukiswe, eGameni leNkosi uJesu Kristu.

¹²⁰ Bonke abamukela ukuphulukiswa kwakho, yimani ngezinyawo zenu khona manje. EGameni likaJesu Kristu, sukuma! Amen. Phakamiselani izandla zenu kuYe, futhi niMdumise. Abantu kuphela engibabona ukuthi abasukumile, kunendoda ehlezi lapha esihlalweni samasondo, uGane Heelie. Ngiyalwazi udaba lwakhe ukuthi luyini, unodaba lovendle.

¹²¹ Kubukeka njengesihlalo samasondo emuva *lapha*. Asibone. Kunodaba, owesifazane onesitho esisodwa. Ngabe kunjalo na? Uyakholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Ngiyisihambi kuwe. Angeke ngakuphulukisa. Kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu engangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Uma kuzokwenza, bekungakusiza na? Unesifo sikashukela. Yiqiniso. Manje kukholwe, futhi uye ekhaya futhi usinde, esihlalweni samasondo. Yilokho kuphela okumele ukwenze, ngokuba ukholwe eNkosini uJesu Kristu, futhi uphulukiswe!

¹²² Phakamisa izandla zakho manje, futhi—futhi uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi, ngokungiphulukisa. NgiyaKubonga, Nkosi, ngokungiphulukisa. NgiyaKudumisa, Nkosi, ngokungiphulukisa. UNkulunkulu muhle! UNkulunkulu mkhulu! UNkulunkulu uyigugu! UNkulunkulu ungowoqobo! UNkulunkulu ulapha! UMoya oNgewele ulapha. AMandla

kaNkulunkulu alapha. Futhi mina manje ngikhulwa ngakho konke okukimi, ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, iyangisindisa. Amen.”

¹²³ Uma kukhona noma ubani lapha olahlwa yisono, futhi uyazi ukuthi izono zakho azikho ngaphansi kweGazi, futhi khona manje eBukhoneni bukaNkulunkulu, Owazi imicabango yakho, noMoya oNgcwele ungitshela lokhu, ungathanda ukuMamukela njengoMsindisi obhekene nawe, ufuna ukuba ukhunjulwe emkhulekweni na? Phakamisa isandla sakho, wonke ophakathi lapha. INkosi ikubusise, nawe, nawe, nawe, nawe. Kulungile. Emuva lapho, wena, nangapha. Impela. Emuva lapha, uNkulunkulu akubusise, ndodana. UNkulunkulu akubusise ngaphesheya lapho. Futhi uNkulunkulu akubusise. Kulungile.

¹²⁴ Niyabo, uMoya oNgcwele akalokothi abe nephutha. Uma uMoya oNgcwele ethi . . . Bengilungisele ukuphendulela inkonzo kuMfowethu Neville, ngoba ukuphulukiswa sekuphelile, kodwa Into ethize ithe, “Badinga ukuphulukiswa komphumulo.” Uma ufuna ukwamukela uJesu njengoMsindisi obhekene nawe, khothamisa ikhanda lakho umzuzwana nje. Ake sinikeze umkhuleko.

¹²⁵ Mfowethu Neville, ngishelwe yizwi kakhulu, nikela lomkhuleko, uzokwenza. Kulungile.

¹²⁶ [UMfowethu Neville uyakhuleka, “Baba waseZulwini, eGameni leNkosi uJesu Kristu, Oye wahamba ngokukhazimulayo kakhulu lapha phakathi kwethu kulobubusuku. Njengalaba abakhothamise ikhanda labo, ngokukholwa kulobubusuku, bekhulwa ukuthi Uyakwazi ukubakhulula, kokubili umphefumulo nomzimba. Sindisa labo abakhulwa manje ekukholweni kuphenduka. Nkulunkulu othandekayo, kwangathi lobubusuku bungaba ubusuku obehlukile kubo. Baphe manje isifiso, O Nkulunkulu. Futhi banike manje, O Nkosi Jesu, lolo lwazi olufiswa kakhulu lwezono ezithethelelwe. Sindisa bonke, O Nkulunkulu, abakhothamise ikhanda labo phandle lapho, abacele inzuzo emkhulekweni. Futhi kwangathi bona, kusukela kulesisikhathi kuqhubeka, kwangathi bangahlosa enhliziyweni yabo ukuba baphilele Yena Owabafela. EGameni likaJesu nangenxa kaJesu siyakhuleka. Amen, futhi amen. Mayidunyiswe iNkosi!”—Umhl.]



ISIBONAKALISO SIKAMESIYA ZUL59-0329E

(The Sign Of The Messiah)

UCHUNGECHUNGE LWEMLAYEZO YEPHASIKA

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto lePhasika kusihlwa ngo Mashi 29, 1959, eBranham Tabernakele eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org